

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANA KOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES  
MCHUNU EMCIMBINI WOKUNIKELA NGAMABHAYISEKILI ENDAKA  
EMNAMBITHI MHLAKA 13 NOVEMBER 2010**

**Mphathi wohlelo;**

**UNgqongqoshe wezeMfundo uMacingwane;**

**Inkosi yendawo;**

**IMeya yoMkhandlu;**

**Amakhosi wonke akhona;**

**Izinduna;**

**Amakhansela;**

**Othisha nabafundi;**

**Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF,  
ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;**

**Abezindaba;**

**Umphakathi wonke ngiyanibingelela.**

Mangiqale ngokubonga kinina nonke eningumphakathi waseNdaka ngokuthi nikwazi ukushiya yonke imisebenzi yenu ebalulekile yangempelasonto nizohlanganyela nathi kulo mcimbi obalulekile ezimpilweni zethu sonke. Sithi ubalulekile ngoba uthinta ikusasa lethu okuyizingane zethu njengoba sisho isisho sesiZulu esithi, 'Inkunzi isematholeni.'

Umcimbi wanamhlanje uyingxenye yomkhankaso esiwuqale ngenyanga edlule ka-October singuMnyango wezokuThutha lapho besihambela imiphakathi eminingi esifundazweni sethula ngokomthetho ingqalasizinda esesiyiqedile emiphakathini eyahlukahlukene, siphinde futhi siqwashise ngezokuphepha emgwaqeni.

Sasishilo-ke ngenkathi siqala lowo mkhankaso ukuthi kuzoba umshawushilo kuze kuphele unyaka wezimali ngoMarch wonyaka ozayo.

Namhlanje-ke sizohalalisela umphakathi waseNdaka. Sithi siwuHulumeni waKwaZulu-Natal nani ngeke nisale ngaphandle ezinhlelweni zethu zokwenza izimpilo zabantu balesifundazwe zibe ngcono.

Kodwa futhi njengoHulumeni sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana nathi nivume ukuthi kuze usizo endaweni yenu kungalokhu kuba nokubangisana esikhundleni sokubambisana.

Namhlanje uHulumeni ulethe izipho kubantwana bethu esibazalayo futhi esiziqhenyayo ngabo. Ekuchazeni indaba yamabhayisekili ezingane zesikole esize ngawo kule ndawo namhlanje, ngithanda ukuqala ngokucacisa ukuthi ukuze uHulumeni ahlangebezane nezidingo zabantu ezahlukene futhi ezihlale ziguquka, kumele njalo kwenziwe ucwaningo oluzositshela ukuthi yimaphi amaqhinga adinga ukusetshenziswa ezimweni ezithile.

Nakulolu hlelo lwamabhayisekili lukhona ucwaningo olwenziwe oluveze ukuthi u-50% wabantu abaya emsebenzini ezindaweni zasemakhaya bahamba ngezinyawo. Kuphinde kwatholakala futhi ukuthi abafundi abangaphezulu kuka-80% bahamba ngezinyawo uma beya esikoleni. Ibe isiqhamuka lapho-ke indaba yokuthi make kulekelelwe ngamabhayisekili ukwenza ngcono ukuhamba ezindaweni zasemakhaya.

Angithandi-ke ukuthi sizwane kabi kulokhu. NjengoHulumeni siyakukhuthaza ukuthi abantu bakithi bahambe ngezinyawo ukuze babe nemizimba eqinile nephilile. Ngokunjalo namabhayisekili ayingxenye yokuzivocavoca komuntu ophilayo ukuze ahlale ephilile futhi ezizwa. Okuhlukile ngawo wukuthi ahambisana masisha usheshe ufike lapho uya khona kunomuntu ohamba ngezinyawo.

Kuyiqiniso ukuthi umzimba nempilo yomuntu onemoto ongazivocavoci angeke kwafaniswa nomuntu ohamba ngezinyawo noma ngebhayisekili. Ohamba ngezinyawo noma oshova ibhayisekili uphila kangcono futhi umzimba wakhe uqina kakhulu.

Vele ngokwezinhlelo zikaHulumeni loluhlelo lungaphansi komkhankaso esithi i-Non Motorised Transport. Lokhu kusho ukuthi sikhuthaza abantu ukuba basebenzise izinto zokuhamba ezingasebenzisi injini okuhlanganisa izinyawo namabhayisekili.

Kodwa esikushoyo lapha ngukuthi phela nako ukuhamba ngezinyawo ibanga elide kakhulu kungawehlisa umfutho womuntu ophilayo ngenxa yokukhathala noma ngabe kusemsebenzini noma kusesikoleni, kanti futhi kumele kugcinwe nesikhathi kulezi zindawo.

Yingakho-ke ngonyaka wezimali ka-2000/01, uMnyango wezokuThutha kuzwelonke wasungula iShova Kalula Bicycle Programme ehlose ukukhuthaza ukusetshenziswa kwamabhayisekili kubafundi abahamba amabanga amade uma beya ezikoleni. Nathi-ke njengoMnyango lapha KwaZulu-Natal sisahamba ngokwezincwadi zaloluhlelo lweShova Kalula.

Njengoba sengike ngakuveza phambilini, lolu hlelo lugxile ekwenzeni ngcono futhi luqinisekise ukuhamba ngendlela ephephile neyonga imali ezindaweni zasemakhaya.

Izinjongo ezinkulu lapha yilezi:

- Ukweseka uhlelo lokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya;
- Ukufaka igalelo ekwenziweni ngcono kohlelo lwezemfundo;
- Ukwehlisa izinga lokulova nokufika ngemuva kwesikhathi, ukudlwengulwa, ukubulawa nobunye ubugebengu izingane eziba yizisulu zabo uma zihamba ngezinyawo amabanga amade;
- Kanye nokukhuthaza ukuphila ngendlela ekahle eqinisa imizimba.

Ngasohlangothini lwabasebenzi, besingathanda ukulekelela abantu bakithi ikakhulukazi labo abasebenza emapulazini, kodwa okwamanje ngenxa yezimali ezingakavumi kahle sisagxile ezinganeni zesikole. Izinkomba zithi kodwa siyogcina sifikile nakubona ngelinye ilanga.

SinguHulumeni wenu, sifuna abafundi abahamba ibanga elingaphezulu kuka-3 kilometers uhambo olulodwa lokuya esikoleni. Sibheke izikole lapho kungafinyeleleki ezintweni zokuthutha umphakathi. Sithi loluhlelo akube olwabafundi abaqhamuka emindenini lapho imali engena khona ingaphansi kuka-R1.500 ngenyanga. Sizophinde sibheke futhi ukuthi umfundi uyakwazi yini ukugibela ibhayisekili.

Ngifisa ukuthatha lelithuba ngidlulise ukubonga ngokubambisana esikuthola eMnyangweni wezeMfundo esifundazweni ekuqokeni izikole ezifanelwe yilolu hlelo, futhi okuba yiwona odlulisela amabhayisekili kubafundi ngamunye. Sinxusa izikole, othishanhloko nemikhandlu yokuphathwa kwezikole ukuthi baqinisekise ukuthi amabhayisekili ahlala esesimweni. Nathi futhi njengoMnyango sizozinisekisa ukuthi abathola amabhayisekili bayafundiswa ngezindlela zokuphepha emgwaqeni uma besebenzisa amabhayisekili.

Njengoba ngike ngasho ukuthi lolu hlelo luqale eminyakeni edlule, ngingakuveza nje ukuthi ngonyaka wezimali ka-2007/08, uMnyango unikele ngamabhayisekili angu-250 ezikoleni zasemakhaya esifundazweni sisonke. Ngonyaka ka-2008/09 sithole amabhayisekili angu-2900 eMnyangweni wezokuThutha kuzwelonke sawadlulisela ezikoleni ezingu-93 esifundazweni saKwaZulu-Natal.

Kulo nyaka wezimali ka-2010/11 sithole angu-1 850 eMnyangweni kazwelonke, kwathi angu-1 150 ngaphezulu athengwa yithi lapha esifundazweni sathasisela, okusho ukuthi asengu-3000 amabhayisekili akhona. Ibhayisekili ngalinye lihamba nomakalabha wakhona, ibhodlela lamanzi neketanga lokukhiya.

Njengamanje sisohlelweni lokuthi siwahambise wonke la mabhayisekili ngoJanuary ka-2011 ezikoleni esiziqoke ngokomasipala bama-District. Sibeke u-January ka-2011 ukufuqa lo mkhankaso ngoba singafuni ukuphazamisa izivivinyo eziqhubekayo, kanti ngemuva kwalokho kuzokuba ngamaholide ka-December. Phela asifuni antshontshwe lamabhayisekili noma agcine esesetshenziselwa okungeyona inhloso yohlelo akhishelwe lona.

Kumele sikuchaze konke lokhu ukuze kungabikhona abantu abazokuthi sikhuluma singabe sisenza lutho. Futhi asifuni umuntu ozokuthi ngo-January sesiza ngoba mhlambe sekukhulunywa indaba yokhetho. Phela lo Hulumeni into ayaziyo ngokuthi abantu banezidingo noma kunokhetho noma lungekho.

Sengiphetha, ngithanda ukunxusa omasipala ukuthi babambisane nemiNyango yesifundazwe kulolu hlelo. Ngikusho loku ngoba ngiyazi ukuthi sibuye sibhekane nesimo lapho imigwaqo yomasipala yakhiwe yabhekelela kakhulu abahamba ngezimoto. Lena kuseyinselelo okusamele omasipala bayilungise uma benza izinhlelo zezithuthi zomphakathi ukuthi akube nezindlela zamabhayisekili.

Nasemazweni esesike sathekela okuningi kuwona ngalesi sikhathi sentando yeningi, njengaseCuba abayithathi kancane neze indaba ye-Non Motorised Transport. Umbiko we-International Bicycle Fund ngo-2006 waveza ukuthi izwe lase-Cuba laba ngundabuzekwayo ekuqaleni kweminyaka yama - '90 ngokuqhamuka nenqubomgomo yokusetshenziswa kwamabhayisekili njengengxenye yezithuthi.

Siyakholwa-ke ukuthi nathi ezweni lethu sithathe indlela efanele ngalolu hlelo. Masibambisane siye phambili nentuthuko siqinisekise ukuphepha ezindaweni esihlala kuzona.

**NGIYABONGA.**